**INhlangano i-World Customs Organisation iphinde waqoka uKhomishana wakwaSARS ngokuhalalisa**

Tshwane, 30 kuNhlangulana 2024 – Isigungu esiphezulu esikhipha izinqumo se-World Customs Organisation, umkhandlu we-WCO, sesiphinde saqoka uKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter njengoSihlalo we-WCO isihlandla sesibili, 2024 - 2025.

UKhomishana uKieswetter uthe emva kokuqokwa kwakhe kwesibili i-WCO iya iba semqoka kakhulu uma ubheka amasu amasha kwezobuchwepheshe nemininingo eminingi okuyikho okuxhumanisa uhwebo, ukukhula komnotho wezobuchwepheshe i-eCommerce, kanjalo nokungabaza okukhona emhlabeni wonke okwenzeka esimweni sezombusazwe ezweni.

Okuphokophelwe okusemqoka ku-WCO namazwe angamalungu ayo ukuthuthukisa“ ,uhwebo olusemthethweni, ukugwema uhwebo olungemthetho nezimpahla eziyingozi kanye nokuqinisekisa ukuhamba ngokuphephile kwezimpahla nabagibeli emingceleni .ehlukanisa umhlaba

Kuyaziwa ukuthi Umnyango Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni kwenza ubunye“ kodwa imingcele yona iyahlukanisa. Kodwa ubunye phakathi komphakathi Wokulawulwa Kwempahla Emngceleni kumele bubhekiswe kulokhu okuyinjongo evamile yezinguquko okuletha inhlalakahle kwezomnotho nenhlalakahle kuzo zonke .izakhamizi zamalungu umibuso,” kusho uMnu Kieswetter

Uthe kuyamthobisa ukuthi aphinde athenjwe ngobuholi obunezinguquko enhlanganweni esemqoka kangaka enjenge-WCO kulezi zikhathi ezinzima esibhekene nazo. “Okungomongo walesi sikhundla sokuba nguSihlalo we-WCO, ukuqinisekisa ukuthi iHhovisi likaNobhala we-WCO linomthamo kanye nolwazi lokusiza ukuPhathwa kweHHovisi Lokulawulwa Kwempahla Emngceleni emhlabeni wonke,” kusho uKhomishana Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za